Miscellaneous data about flora, birds, first fruits and their calendar.

1b

K13/21

~~19~~ 1/19

s706 (43) ~~AM/3/21~~ K/3/ F. Vilakazi

Izi6ongo zebasi.

1. 1. Po! Po! Po!
Weu! weu! weu!
Hamba bazabaza,
Hamba mbambathoni,
Hamba bungane lomgwaqo,
M6izimbelwe uhlekevu.
Umkhovu kanina uMkha6ela,
Indumanduma,
Eduma elizweni.

2. Iduma phezulu e6a6anango,
Yaduma phansi kwe nhlazatshe,
Yaduma ngombongo yehla entinini
Kwashunqa intuthu eluhlaza.
Mbimbimbi-i-i nyathela Wili,
Siyahamba mntanomlungu.
Imali eya6elungu,
Imali eyendlela;
Sala 6efika;
Sala nomafa.

3. Huhuluza nomahuhuluza,
Nsimbi ya6elungu,
6athathe uhambe na6o,

2. A6agoqa ugwayi ngamaphepha,
U6ayise khona le,
Kwa Mzilikazi,
Kwandongaziyeduma,
Wayenza inda6a Teba.

4. Hamba sisusimankumbu,
6usunambadi ngokuthatha,
Izingane za6antu.
Hamba nyonikayiphumuli,
Ndlela kaziqedwa.
Phumuza a6antu amaphika,

/6engazange.....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6engazange 6aku6one
Ukuhamba, 6esendlini,
6ehamba ngezingqe,
6ehamba 6ehlezi.

5. Ngingamnika iminyovu nezinyosi,
Zimulume zimfake olwandle.
Ongase axoshe a6elungu
A6asi6onisa ukuhamba sihlezi.

6. Niwuzwile lowombongo
Wendlovu e6omvu,
E6onga u6usuku nemini,
Inqamula amahlanze nezifunda,
3. Igcakela emaqeleni,
Iqhamuke Emadilobeni ngombongo,
Yaze yayokhwela phezulu eMagqumaneni.

7. Ningayinqandi,
Ayidli ma6ele,
Iphuza u6isi lwase Melika.
Inqola yomlilo,
Inqola yomoya.
Phuma ehlanzeni nqa6ayembube,
Nawe Goqiphepha, wohlalahlala,
Waza ulandele.
Phuma ezimo6eni Masoviyiza,
6ayaku6iza emabilidini.

8. Hamba mathutha e6uyelela,
Mgodi kawugcwali,
Hamba nsimbi yase Ngelandi.
Hamba nhla6ana ntshalantshala,
Thulu6eza nkalankala,
Mathumba uKhandempemvu,
Waye wamulahla kanozidlidli,
Ezinta6eni ezimhlophe,
Ingcugce yasala igugela ezinsisheni;
Hamba mbizimbelwe,

4/Imbambathoni.....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Imbambathoni, bazabaza,

Ibungane lomgwaqe.

Izinyoni

(Uye): Lenyoni inezimpaphe ezinhle kakhulu. Kuye kuthi uma a6antu 6eyixosha inelukukhathala inqume izimpaphe zayo zesisila, ngo6a iyazi ukuthi izingelwa nje kufunwa zona. Izimphaphe zihlonywa ezicocweni zamakhosi.

(Igwalagwala): Izimpaphe zamaphiko alo zazihlonywa nga6anumzane kuphela.

(Inkankane): Umqala walo welapha a6antu a6aphethwe umqala.

(Isaka6uli): Izimpaphe zalo zenziwa izidlodlo ezifakwa yizintombi ekhanda nxa igcagca-nomyeni usina ngazo lezi zimpaphe nxa egcagcelwa.

(Isiphungumangati): Lenyoni inophondo ekhanda, ihlala inqekuza. A6afana uma 6elahlekelwe izinkomo 6a6e6uza ku yona.

(Uzavolo): Lenyoni izinyanga ziyayifuna kakhulu ukwelapha ngayo, inhliziyo yayo. Ifumaniswa emahlathi amakhulu impela.

5. (Umenzela): Lenyoni ifumaniswa emaxaphozini. Itshekisa ikhanda njalo ingathi iyozela. Ayidliwa a6afana idliwa izalukazi kuphela.

(Ihlokohloko): Amahlokohloko ahamba ngamaningi, Izinyanga zelapha ngawo ufufunyane, kanti futhi a6antu 6aloyana ngalo.

(Ilanda): Lenyoni inosizo olukhulu ngokudla umkhaza ezinkomeni. No Hulumeni uyayazisa lenyoni ngokudla umkhaza.

(Igola): Lenyoni iphila ngokudla ezinye izinyoni. Uma ikwele esi6ayeni i6ika ukuthi izinkomo zizawu kwelwazonke.

(Ingomfi): Lena inyoni yamasoka. Uma ivuke phambikwakho yaqiya isho ukuthi indlela yakho yinhle, uzophumelela. Inhliziyo yalo iwumuthi wokuphonsa izintombi.

6. (Umvemve): Lenyoni ithanda ukuhlala ekhaya nase, zi6ayeni. Iya6ingelelana. Inesisila esinyakaza njalo.

(Unkombose): Lenyoni ifana namaju6a kodwa yona incane kunaju6a. Ivamise ukufumaniswa ema6aleni njengo mvemve.

(Umadidwazi6unu): Lenyoni uma icula ithi madidwazi6unu.

/Ifumanis

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Ifumaniswa ematsheni, incane.

(Uthekwane): uThekwane inyoni yezulu uma endize wada6ula ekhaya u6ika izulu. Nesi6angofuthi uyasi6ika uThekwane uma ehlale phezukwendlu.

(Umvenyane): Lenyoni ingangongcede. Ihlala emthaleni emifuleni. Iyavika kakhulu uma a6afana 6ezingela akulula ukuyishaya ngesagile. Iyashesha ukudimwa. Inesisila eside.

(Ungogo): Lenyoni ingange sagwaca. Ayikwazi ukundiza kakhulu, ikwazi ukushosha phansi, icashe otshanini.

7. (Isagwaca): Lenyoni injengo ngoqo ayikwazi ukundiza kakhulu ikwazi ukushosha phansi nokucasha otshanini ikufundile kakhulu impela.

(Ungcede): Lenyoni incane kunazozonke izinyoni, futhi ihlakaniphe ngaphezu kwezinye. Izalela indlu yayo ibeke phezulu. Ifundile ukucasha otshanini.

(Igedezi): Lenyoni ingango ngcede yona imnyama. Igedezi linomlomo o6omvu elendoda. A6afana 6ayalikulezela 6alishaye selilele umalizalele.

(Isikulukulu): Lenyoni iyalaliswa nayo njenge (gedezi) ishaywe. Ifana nenqomfi kodwa yona incane.

(Umjekejeke): Lenyoni ifumaniswa otshanini o6ukhulu. Iyakwazi ukucasha otshanini, ayikwazi ukundiza kakhulu. Yinkulu kunesagwaca.

(Ititihoye): Izinyanga ziloya ngalo, kanti futhi zelapha ngalo ufufunyane. Ledliwa izalukazi. Lenyoni ifumaniswa emagcekeni.

8. (Igegane): Lenyoni ayivamile uku6onakala itholakala ngesikhathi sase6usika izinkomo zidla amahlanga.

(Umtoli): Lenyoni itholakala ezinkangala inesiqovana enhloko esi6omvu. Imhlophe ngaphansi.

(Umncelu): Lenyoni itholakala izinkangala ifane nenqomfi kodwa yona ayinaso isifu6a esi6omvu.

(Isigwe): Lenyoni a6antu 6aloyana ngayo. Isigwe somfazi sinjengomfenyane, esendoda si6omvu. Izinyanga zelapha sona uku6a sivimbe izinyoni zingadli ama6ele.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s706

(Izintaki): Izintaki zihamba nesaka6uli, zidla ama6ele.

(Uhele): Lenyoni idla amachwane ezinkukhu kanti nezinye izinyoni iyazidla.

(Isikhova): Lenyoni ilala emini, idla amagudwane e6usuku. A6antu 6aloyana ngayo. Izikhova zinhlo6o mbili. Inkovana nesikhova. Kwehlukeni ngokukhala.

9. (Igwa6a6a): Lenyoni imnyama, idla umbila amanye adla namachwane nawo awafani, kukhona amhlophe izifu6a, amanye amnyamasu. A6antu 6athi linekhu6alo lokwenza umuntu anga6oshwa. Izinyanga ziyalifuna kakhulu.

(Isema): Lezinyoni zinkulu zidla umbila, ziyadliwa futhi. Zinombala olithuthwva nomhlophe.

(Uwamba): Lezinyoni zifana namagwa-yigwayi, zidla imigundatshani. Zino sizo. Zihamba ngomhlambi. Zi6onakala ehlo6o.

(Amagwayigwayi): Lezinyoni zi6onakala e6usika, zidla umkhaza ezinkomeni. Ziyadliwa.

(Insingizi): Zinkulu lezizinyoni zidla izinyoka. Zimnyama zi6omvu ngamakhanda. Zi6ika nokuna kwezulu.

(Izindwa): Azivamile uku6onwa zizwakala ngokukhala phezulu. Umazikhala zi6ika ukuthi lizokuna izulu.

10. (Amahlolamvula): A6onakala ehlo6o, ezwakala ekhala phezulu umalizokuna izulu.

(Izinkonjane): Zizalela ezindongeni zi6onakala ehlo6o nazo. Zingangawo amahlola imvula.

(Umqothoviya): Lezizinyoni zi6onakala ehlo6o, zidla izintethe, zinkulu zingangamaseme.

(Ugilonko): Lenyoni inentamo ende, nayo ingango inqothoviya. Yona idla izinyoka. I6onakala ngasosonke isikhathi.

(Inkolentsheni): Lenyoni imnyama ihlala ematsheni. Izalela othangweni lwamatshe nase zindongeni.

(Umndweza): Lenyoni ivamekakhulu ezihlahleni. Izalela ezihlahleni futhi.

(Amavukuthu): Amavukuthu afumaniswa emahlathini lapho ezalela khona. Ampunga ngokumnyama kunamajuba. Adla umbila nama6ele.

/(Amaju6a).....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s706

(Amajuba): Angagamavukutho, adla amabele. Ayafuywa futhi.

11. (Ukhozi): Lenyoni idla amazinyane nezinkukhu esezinkulu. Amazinyane ezimbuzi.

(Ingidama): Lena inyoni yamakhosi ayibonwa. Izinyanga ziyizingela emahlathini amnyama lapho kungahambi muntu. Kwelashwa ngayo amakhosi. Ihlala ngenhloko umlenze ubeke phezulu.

(Inhlava): Lenyoni ibizelana izinyosi. Yenzela yikhona nawe uzoyishiyela ikhekhebba. Ifumaniswa emahlathini emahlanzeni lakwande khona izinyosi.

(Ingqungqulu): Lenyoni yayihlola impi kwa Zulu. Uma ikeyezwakala, impi yayiphakwa. Lenyoni idla umudidi wamadoda afileyo. Ingango khozi.

(Umkholwane): Lenyoni ihlala emaweni, inomlomo obomvu imnyama.

(Inkanku): Lenyoni idla amacimbi okwedulelisa ezihlahleni. Imnyama imhlophe ngaphansi namphiko ayo.

(Ufukwe): Lenyoni ifumaniswa emhlathini. Izinyonga zelapha ngayo.

12. (Ikwezi): Lenyoni iluhlaza inamehlo abomvu ifumaniswa emahlathini nayo.

(Isomi): Lenyoni iluhlaza inezimpikho eziluhlaza zibomvu ekugcineni. Ifumaniswa emahlanzeni.

(Ithendele): Lenyoni ayikwazi ukundiza kakhulu, ikwazi ukushoshaphansi nokucasha. Ingange xogo lenkukhu.

(Unohemu): Lenyoni ithanda emacibini. Izibuka emanzini.

(Ipigogo): Lenyoni inyoni yezulu. Uma liduma indizela phezulu. Ikhala nje ngomntwana. Izinsiba zayo ziyahlobisa ezigqokweni zamakhosi. Izinyanga zelapha ngayo.

(Inswempe): Lenyoni itholakala emahlanzeni. Abantu bayayilumba bathakathe ngayo.

(Imdlambiba): Lenyoni x idla izimbiba, namxogo ezinkukhu namagundwane. Ifumaniswa emahlathini.

(Isihuhwa): Lenyoni idla amagundane nje ngesi khova.

13. (Incuncu): Lenyoni iluhlaza inezinsiba ezinjengeze pigogo. Inzisizwa zihlobba ngazo nezintombi. (Izibongozayo):

MEM

/1. Incuncu.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

1. Incuncu ephuza kwezinde izizi6a,
Ingaphuza kwemfisha iqundeka umulomo,
Nonzwenzwe wamanzi.

(Umbalane): Lezinyoni zidla kakhulu ama6ele. Zifumaniswa ezinkangala. (Izi6ongozayo):-

1. Akuma6ele intilintili,
Akuma6ele intilintili,
Ngidle hlamvu lunye
Inhliziyo yami yathi tikili.

(Umbangaghwa): Lenyoni ikhala e6usuku. Izinyanga, na6athakathi 6aloya ngayo.

(Ilulwane): Lenyoni injenge gundane, idiza e6usuku.

(Umabengwane): Lenyoni, inyoni ya6athakathi nezinyanga ifumaniswa emahlanzeni.

(Udoye): Lenyoni idla izinyoka ingangongilonko, inentamo ende.

(Ujojoka): Lenyoni injenge saka6uli. Izimphaphe zayo zenza
14. izigqoza zezinsizwa nezintombi. Lenyoni imnyama ifumaniswa emahlanzeni.

(Impangele): Lena inyoni efuywa inophono enhloko. Inamaju6ana amakhulu ayikwazi ukundiza kakhulu.

(Isigophamithi): Lenyoni ifumaniswa emahlathini idla imithi. Umbala wayo injenge qola.

(Unhloyile): Lenyoni i6onakala kuphela ukwethwasa kwehlo6o.

(Inge): Lenyoni inosizo ngo6a idla zoke izinto ezifileyo njengamahashi, nezinkomo na6antu. Into noma ingakafi amanqe ashaya izimpikho ize ife.

(Intinginono): Lenyoni ifana nogilonko inentamo ende idla izinyoka. Inesisila esinjenge seqhude. Inezinsi6a ezinhle.

(Indlazi): Indlazi inyoni enesisila eside. Izimpaphe zayo zihlo6a ngazo nezinsizwa nezintombi.

(Umtshivovo): Lenyoni inesila eside futhi nayo. Izimpaphe zayo
15. zihlo6a izinsizwa nezintombi umasezivunulile. Ulala emini wona, udla amagundane.

(Iphothwe): Lenyoni ifumaniswa emahlanzeni inesiqhovana ekhanda.

MEM /(Isikhwehle).....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Isikhwehle): Lenyoni ifumaniswa emahlathini ifana nethedele yona kodwa iyakwazi ukundiza.

(Unozalizingwenya): Lenyoni kwelase nhla kuthiwa (ugilonko) kwelase nzansi kuthiwa unozalizingwenya. Lenyoni idla izinyoka.

(Iboboni): Lenyoni ifumaniswa emahlanzeni. Izinsizwa zelaphana ngayo umazifuna u6ulawu.

(Incwincwi): Lenyoni incane enomlomo omude, ithanda emaci6ini.

(Intiyane): Izinyoni ezincane ezihamba umushungu. Umazakhela zakha izindlu ezimbili, eyendoda nomfazi ngaphansi kweyendoda.

(Intengu): Inyoni enolakha ihlala emaweni, yehlula ukhozi ngokulwa kanti incane.

16. (Igomongo): Lenyoni ithi uma ihamba ithi ntinini 6ese ithi go6ongo ngekhanda ihla6ephansi ngomlomo, kande ivuse ikhanda futhi.

(Ihlalanyathi): Lenyoni i6omvu ngomlomo. Zidla umkhaza ezinkomeni. Imuzimba wazo ulithuthuva.

(Umawu6e): Lenyoni idla ama6ele ifana nesaka6uli imhlophe emaphikweni inesisila eside. Izinyanga zihlo6a ngezinsi6a zayo.

(Uphezukomkono): Lenyoni i6ika ukuthwasa kwehlo6o, itshene. Amakhosikazi ukuthi ihlo6o lethwese phezukomkono.

(Isibelu): Lenyoni ifumaniswa emahlanzeni. Ithi uma ikhala ithi ngafelwa u6a6a nomama inhliziyo yami intindododo.

(Umathe6ethe6eni): Lenyoni injengohele. Umaliduma ivama ukuwa ihlala ezinkangala.

(Intenjane): Lenyoni ilala emini. Izwakala ikhala e6usuku.

17. Iyezela njalo ifana nomenzela yena owezela njalo.

(Umzwileli): Lenyoni yona incane wama ukufumaniswa ezihlahleni. Idla ama6ele.

(Umapheyana): Lenyoni inesisila eside ifumaniswa emahlathini amakhulu.

(Ifefe): Lenyoni inezwi elimnandi loku khala nayofuthi ifumaniswa emahlathini amakhulu. Inezimpaphe ezinhle zokuhlo6a izinsizwa nezintombi uma ziya emsidweni.

(Inhla6anyathi): Lezinyoni zifumaniswa emahlathini amakhulu lapho kuvame khona izinyathi. Izinyanga zelapha ngamafutha ayo. Uma umuntu enha6iya.

/(Isixula).....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Isixula): Inyoni efumaniswa emahlathini nase mahlanzeni. Ayivamile ukuóona kala ihlala ngokucasha.

(Idada lasehlane): Lenyoni, inyoni yamanzi efumaniswa emaciólini.

18. Uóuhle oseóadlula.

1. Wo, he! lafa elakethi kwaZulu!
Lafa noóuhle óalo óonke!
Lafa lasala noóunja!

2. Izwe elenkosi!
Aóantu aóenkosi!
Izinkomo ezenkosi!
Ukudla okwenkosi;
Konke okwenkosi.

3. Jaóula we ngwane;
Jaóula we Lusuthu;
Nina enisadla ngoludala.
Wafa Zulu nokwakho.
Yeka kwela kithi!

4. Maóutho, maóutho,
Namthini kantina?
Khala nkomo yakwaZulu.
Ungasoze uyendawo!
Kusho aka Shaka.

5. Yeka oDingane!
Yeka no Cetshwayo!

19. Yekukuóa óaóazi!
Yekesenja sona!
Siphelela oóoyeni.

6. Izinkomo zayo,
Zidla utsham óayo,
Zikhuluphele ezenkosi
Zondla amaóutho ayo;
Futhi zodla nayo.

7. Amahlathamahle;
Notshani oóuhle;
Ukomisa akwaziwa;

/Amadlelo.....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Amadlelo amahle;
Nokuphila okuhle.

8. Insimbi iyakhandwa
Amabaxa aya6azwa
Nezigqiki, nezigqoko
Amacansi ayelukwa
Izinkamba ziya6unjwa

9. Ukudakwa akukho,
U6ugwala a6ukho,
Amapulazi nemthitho
20. A6athakathi a6akho;
Intelo ayikho,
Ukudelela akukho,
Ukuzenzela akukho,

10. Wò, he! lafa elakithi kwazulu!
Lafa no6uhle 6alo 6onke,
Lafa lasala no6unja!

11. Kwakungenjalo ku Shaka,
Kwakungenjalo ku Dingana,
Kwakungenjalo ku Mpande,
Kwakungenjalo ku Cetshwayo,
Khala nkomo ka Zulu.

12. Lisayo6uya yini izwe lenkosi?
Zisayo6uya yini izinkomo zenkosi?
6asayo6uya yini a6antu 6enkosi,
Lusayo6uya yini oludala na?

13. Wafa Zulu akwalutho,
Kwathula izizi6a nezinta6a,
Wo, he! lafa elakithi kwazulu!
Lafa no6uhle 6alo 6onke,
Lafa lasala no6unja.

21. <u>Utshani.</u>

<u>(Ugunga):</u> Lo6utsheni 6ufulela izindlu, 6enze namaguma. Uma umuntu ezothena inkomo uqale ahlafune 6ona kuqala, ukuze ingatholi u6uhlungu 6akhe.

/(Ikweni).....

MEW

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

s706

(Ikwani): Lenza izikhwa6ukhwa6u zokulala.

(Umhlanga): Umahlanga wakha izindlu. Ezweni elisezansi kwazulu kwa Dhlangezwa wakha izingxo6o. U6uye futhi wenze amagehle.

(Imbayimbanjana): Iphekwa namadumbe ukuze a6e mnandi.

(Inside): Utshani o6uhle kakhulu o6unonile, 6unonisa nezinkomo futhi.

(Induli): Lo6utshani 6enza izithe6e zokulala.

(Incema): Incema yenza amacansi nezithe6e futhi.

22. (Imizi): Yaluka izithe6e zokugayela ukudla.

(U6endle): Lo6utshani 6enza umtsha wezintombi.

(Ibuma): Lenza amacansi, uninyani yalo yenze izicamelo.

(Insikane): A6afana 6afundisana ngayo ukuhla6ana empini.

(Ilala): Lo6utshani 6enza amahluzo otshwala, nezimbenge.

(Umthala): Izimpande zawo ziyadliwa a6afana uma6elusile.

(Umsingizane): Lo6utshani 6u6i kakhulu 6uqeda izinkomo amazinyo 6ulukhuni. 6akhanda nga6o izimbenge nemthanyelo.

(Umthethe): Lo6utshani 6uyahla6a 6unamevana ahla6ayo.

(Ingongodwane): Abafana 6enza nga6o izicwebu uma6elusile. 6uyi

23. ngozi ezinkomeni ezinga6azi. 6umila e6usika. Ukuze izinkomo zingafi nomazi6udlile, ziphuziswa isigaxa lesi esingaphansi.

(Incencane): Utshani o6uvama ukudlala a6afana 6enze izisswe6u nezintambo zokugi6ela amathole.

(Umvithi): Umvithi wakha izindlu welukwa izintambo, kande wakhe izindlu. Nokuóopha izintungo, uma kwenziwa indlu.

(Ucwazicwazi): Lo6utshani 6eluka izintambo zokwakha izindlu, namaguma.

(Inkomfe): Lo6utshani 6eluka izintambo zokwakha izindlu, namaguma, nokuóopha uphahla. A6afana 6enza izintambo zokugi6ela amathole.

(Uhashu): Lo6utshani 6enza izintambo zokufulela, nokwenza amaguma.

24. (Amadle6e): Impande zedle6e ziwumuthi wamankonyane, uma ehuda. A6afana 6angcweka ngamahlahla amadle6e.

(Isinama): Lo6utshani 6uwumuthi omkhulu impela uma unesilonda ugaya amacembe awo uwanameke esilondeni. Uma uvalekile u6udoda

/ugxo6a....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

ugxo6a izimpande zawo, uthele amanzi ufuthumeze ezikho 6ese uphuza.

(U6a6e): Lomuthi umila u6enameva ufana nenomfi.

(Ingongoni): Kwenziwa imithanyelo ngalo6utshani.

(Isikhonko): Lo6utshani 6eluka izintambo zokufulela izindlu.

(Inco6osi): Lo6utshani 6eluka izithe6e namavovo otshwala.

(Umevane): Umevane lweluka amacansi nezicephu ezinhle.

25. (Umtshiki): Weluka izintambo zokuduza izindlu, nokwenza amaguma.

(Udlutshani): Izimpande zalo6utshani ziwumuthi wokuhlanza izinsizwa nezintombi umazifuna u6ulawu.

(Ubububu): Izimpande zalo6utshane ziwumuthi wokuhlanzela u6ulawu izintombi nezinsizwa unegwe6u elihle elimayo.

(Isho6a lenyathi): Lo6utshani o6okuhlanza kusetshenziswa izimpande zawo.

(Impunyu): Lomuthi owokucela ekhaya kanti futhi umuntu uyacatha ngezimpande zawo.

(Icimamlilo): Lomuthi uyasiza impela umuntu uma eshiswe umlilo acathe ngezimpande zawo. Izinsizwa iwona muthi zikhipha ngawo isidina ngokuzigquma ngawo.

26. (Udelunina): Lomuthi awo6ulawu, nowo kukhipha ufufunyane. Umuntu uhlanza ngezimpande zawo.

(Icena): Lona umuthi woku6ethelela izulu, umuthi futhi wokwelapha izinkukhu uma zinophenyane.

(Ikhathazo): Lona umuthi wokwelapha umkhuhlane. Umila ezihcsheni zezinta6a. Uma unecala umuntu uqugqda wona, enzele ukukhathaza isitha sakhe.

(Insulansula): Lona umuthi wokuphonsa izintombi. Nowo kuzivikela ecaleni uma uhlanza ngawo. Umuntu liyamuthetha icala.

(Amagonsi): Amagonsi adliwa ehlo6o ayaqakaza, angange6o utshani, a6onakala ngokuqakaza. A6afana 6adla izimpande zawo.

(Ikhakhasi): Lo6utshani 6unameva ahla6aya. Impande ya6o yelapha amazinyo. Iyadliwa futhi.

27. (Izimuywane): Lo6utshani izingane ziya6ukha 6ungaqakaza 6ese zi6ugaya zikhande utshwala ziphuze. 6uyadliwa lo6utshani.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Umuyankomo): Lo6utshani 6uvama ukumila ezindaleni, izinkomo namahashi zi6uthanda ka6i.

(Amakhungela): Lo6utshani 6u6i 6unameva amancane ahla6ayo.

(Umhloshane): Lo6utshani 6umbiwa izimpande 6ese kuyahlanzwa ngazo uma ukhipha inyongo.

(Intelezi): Lo6utshani izinyanga zenza nga6o izintelezi zoku6ethela ekhaya ukuvimbela izulu.

(Umso6o): Lo6utshani 6uyadliwa, kudliwa izithelo za6o, a6anye 6akhanda u(ink) ngezithelwana zawo umso6o.

(Ushevu): Lo6utshani 6uyingozi, ezimvini. 6unezithelwana, ethi ingazidla kakhulu imvu 6ese iyaqumba.

28. (Umgunguluzane): Lo6utshani 6uyadliwa, kudliwa izithelo za6o umase zivuthiwe. A6afana 6ayazidla ehlane 6umila ezinta6eni.

(U6ukwe6elezane): Lo6utshani 6umila ezinta6eni, 6unezithelo ezidliwayo zivuthwa zi6e 6omvu izithelo.

(Imfe yezinyoka): Lo6utshani 6umila ezinta6eni, emkhathini wamatshe, naseduze nemifula. 6udliwa yizinyoka.

(Umhlangazane): Lo6utshani 6umila ezindaweni ezivundileyo. Uma ihashi noma inkomo i6udlile iqaqazela iwephansi uma i6oshelwe.

(Indlolothi): Lo6utshani kufuneka izinkomo ziphuziswe, umazinga6azi ngo6a uma i6udlile iyaqumba, ife. 6umila e6usika. Amakhosikazi enzangawo izintambo zokwethwala. Uma kwakhiwa indlu yesintu ku6oshwa nga6o uphahla.

(Utshani 6amaxoxo): Lo6utshani 6umila emfuleni. 6uluhlaza njalo njena.

29. Izinyoka.

(Indlondlo): Lena imamba esuke isindala isinophaphe ekhanda. Lenyoka inolaka olu6i impela.

(Inhlwathi): Lenyoka idla izinyamazane izigimba ziphela. Umuntu iyamuthandela impitshize. Amafutha ayo elapha izinkomo. Amafuthayo anemali eningi impela.

(Umonya): Lenyoka nayo ifana nenhlwathi, kodwa lona luncane, kalunalaka, kalulimazi.

(Imamba): Kukhona emnyama elala emgodini, inolaka, ihlakaniphile,

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kodwa yona yehlulwa uchakide. A6antu 6ayicupha ngenkomfe uma isemgodini, 6ayivimbela ngayo ithi iyayiluma, amazinyo anamathele enkomfeni izife ethe mbe.

(Imamba): Kukhona enyefuthi imamba eluhlaza ehlala emithini inolaka kakhulu impela lenyoka.

(Umhlwazimamba): Lenyoka ayinalulaka nayo ihlala emithini.

30. (Iho6osha): Lenyoka inesihlungu esikhulu impela. Iluma umuntu a6ole lapho imulumekhona. Amafutha ayo elapha izinkomo. Ziyamukiselwa ngawo njengawe nhlwathi.

(Inhlangwane): Lenyoka yandile kakhulu ezinkangala. Inolaka olukhulu impela.

(Imfezi): Lenyoka ivame kwelase mahlanzeni nasezindaweni ezenile impela. Lenyoka iyatshakelana. Umuntu avuvuke u6uso. Welashwa ngomulaza wenkomo.

(Umatshingeyana): Unalaka naye, kodwa isihlungu sakhe siyephuza uku6ulala umuntu.

(Ukhokhothi): Lenyoka iyafuthelana. Umuntu emfuthele u6anezilonda emzimbeni.

(Umhlangwe): Lenyoka ihamba e6usuku ayivamile uku6onwa. Uma i6oniwe kuyelashwa impela ekhaya ngo6a kwaziwa ukuthi inyoka

31. ya6athakathi.

(Inkambaphansi): Lena inyoka engenawo amehlo. Nayo ayivamisile uku6onwa. Inyoka ya6athakathi nayo. Uma ikeya6onwa kusuke kukhona umhlolo ozovela. Kuyaye kwelashwe ekhaya.

(Ivuzimanzi): Lena inyoka yamanzi. Lenyoka kayinasi 6i6a.

(Inyandezulu): Lenyoka kayinalulaka, ayi6ulawa ngo6a yilona dlozi lelo. Uma i6onwe ekhaya kuyathokozwa ngo6a kusuke kuzovela inhlanhla.

(Uphempethwane): Lenyoka ifumaniswa ezinkangala, ayinalo ulaka olukhulu. Iyakhifelana.

(Umdlume): Lenyoka inolaka, nayo futhi. Ifumaniswa ezinkangala, nase mahlanzeni. Iyakhifelana nayofuthi.

(Umdla-mbi6a): Lenyoka ifumaniswa ezinta6eni. Iphila ngokudla

32. izimbila. Ayinalaka.

/(Inhlangwano).....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

(Inhlangwane): Lenyoka ivame ezinkangala. Inolaka impela. Iyakhifelana.

(Imboma): Lenyoka ifumaniswa emahlanzeni, ezindaweni ezinileyo, ilandelana nezinyamazane ngo6a iphila ngazo.

(Umhlwazi): Lena inyoka yamadlozi, injenge (nyandazulu) kayinalo ulaka. Uma ifike ekhaya kuyenamwa, ngo6a yidlozi. Kuhlatshwe futhi.

(Umnungu): Lenyoka kayi6onwa, uma ivele ekhaya kusuke kukhona umhlola ozovela. Ithi inga6onwa ku6izwe inyanga izokwe lapha ekhaya.

(Insuze): Lenyoka inolaka, umbala wayo u6omvu. Ifumaniswa emahlanzeni.

(Ivimbela): Lena inyoka enkulu ehamba nezulu. Umakwe ndlule yona izulu liyaqo6a, lilimaze impela. Ihlala eziz6eni ezinkulu.

(Inyoka ya6afazi): Lenyoka incane ayinayo ingozi.

33. Indlu yesizulu noku6izwa kwezindawozayo:-

(Izilili):- Indlu yakwa Zulu inezinhlangothi ezimbili. Isilili somfazi nesilili sendoda. Isilili somfazi singasesandleni sokundlele esendoda ngasesandleni sokudla. Umfazi akahlali esililini sendoda. Kanti futhi indoda ayihlali neze esililini somfazi. ,Kodwa indoda uma ifuna utho iyaya esililini sowesifazane.

(Ithombe): Lendawo engasesililini sowesifazane. Yilapho ku6oshelwa khona inkonyane.

(Umsele): Lendawo isemsamo ngesesililini sendoda yilapho kuhlala amagula khona.

(Umgulugulu): Lendawo iphakathi komnyango neziko a6antu ka6a vamisile ukuhlala kulendawo ngo6a isekungeneni nala kuvama ukuhamba khona a6antu a6ange6ona a6omkhaya.

(Isiphando): Lendawo isenhla nesilili sendoda yilapho kuhlala

34. khona imikhonto nazo zonke izihlangu zendoda.

(Amathamo): Lezizindawo zingaphandle kwendlu maqondana nezilili.

(Iziko): Lendawo iphakathi nendlu iphahlwe izilili yilapho ku6aswa khona umlilo nalapho kuphekwa khona ukudla.

(Ufindo): Lendawo ingaphandle kwendlu imaqondana nomsamo.

Izihambi azifanele ukuóa zijwayele kulendawo ngo6a yilapho

/kungconda.....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

kungconda khona a6athakathi.

(Isithumbanja): Lendawo ingaphandle komnyango eduzane namacala oma6ili omyango kuthiwa isithumbanja ngo6a yilapho izimpisi zazima khona ukuze zithumbe izinja uma ziphuma ezindlini.

(Ikhothamo): Lendawo ingaphezu khomjango. Izihambi azivunyelwe neze ukuhosha utshani kulendawo ngo6a 6ungase 6uthakwe ngemithi

35. embi yoku6ulala umkhaya wonkane.

(Umgi6e): Indawo eyenziwa ngo6ukhulu u6unono enhla nezilili ukuze kuphanyekwe izimpahla.

(Ithala): Yakhiwe phezulu emsamo yilapho ku6ekwa khona ukudla okuseleyo umkudliwa.

(Othandane): Lendawo ikhona kuzo zombili izilili ekugcineni kwendlu. Uma izulu liduma a6antu 6akhosela khona 6angasondeli ezikho. Nezingane akuswele zisondele eziko zohoshekela othandane uma zihleli na6adala endlini. Osondela eziko okwezelayo umlilo.

(Umlinda ziko): Lendawo ingaseziko ukuya emnyango. A6antwana a6avunyelwe ukuhlala kulendawo ngo6a a6asoze 6akhula. Indawo emaqondana nezinsika engasemnyango nengenhla kweziko. Umuntu omdala angahlala yene emlindaziko ayi owesifazane ngo6a lendawo isenqamulweni wezilili.

36. Izinsuku zokuzila za6antu: Umkhando no kweshwama.

Umkhando umkhu6a wa6antu ukudla kwakukhandwa uku6a yikhona kuzochuma ku6e kuningi. Nangempela kwakwada ukudla kanti kulinywa ngemikhono. Ukudlafuthi kwakufakwa emigodini ezi6ayeni kuyizona zilulu. Kwakukhandwa kanjena, kwaku6izwa inyanga uku6a izokhanda amasimu uma sekuvuniwe emasimini kwasuka konke ukudla. Ukudla kwaku khandwa ngomuntu omnyama waye6ulawa 6esekuthathwa amafutha alowo muntu kukhandwe ngawo. Kwakunga6ulawa umnumzane, kwaku6ulawa umfokazana njena uma efumaniswe ehlane. Kwakuphuma amadoda azingele umuntu ozo6ulawa.

37. Kuthi noma kade kuphuzwa utshwala komunye umuzi sekuzobekwa umfokazane ozohamba yedwa e6usuku noma emini uma kunezigodi ezisithele, 6amumele khona 6amu6ulale. Umuntu wayethi

MEM

/anga6ulawa.....

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

anga6ulawa 6amucwuye amafutha akhe kuthi isidumbu sakhe sonke 6asimbele noma 6asifihle ehlathini. Sekuzo6izwa inyanga inikwe wona amacwiyo lawo ikhande ngawo, iyiwaxu6e nemithi yayo. Iholo lenyanga kwaku6a yinkomo. Yingako izinyanga kwakunga6antu a6anothili a6adumileyo kuna6anye a6antu. A6afokazana 6ona 6a6e hlangana 6a6e 6aningi ukuze 6athole inyanga ezokhanda. Inyanga yayikhanda wonke lowo muzi 6ese ithola inkomo ihambe.

38. Lenkomo yokukhanda i6iphuma ngalelo langa inga6i yisikweledu, ifane neyoku6ethela ephuma ngalelo langa futhi.

Kwakuthi umkhando uma sewenziwe u6unjwe izimbulungana, ku6e yileyo nayileyo i6eneyayo indlu. Lembulungana yayifakwa embewini. Yonke imbewu yayihlanganiswa nayo imbulungane kande uku6a ithathwe iyohlwayela emasimini.

Kuzakuthi uma ukudla sekumilile emasimini kuthathwe izinyamazane ziyo kushunqisela emasimini. Kwakuye kuthi insimu uma iseduze kwesetsheziwe ingachumi yona ishone. Kunotshani o6a6ufakwa ezintangeni 6uhlwayelwe kanye nazo ukuze zihlanze.

39. Inyanga lena yayinga6izwa minyaka yonke. Kwakuye kuthi uma insimu ingasenako ukudla i6izweke inyanga ukuzokhanda.

<u>Ukweshwama:</u> Ukudla okukhandiweyo kuyagulisa nxa kudliwa ngumuntu ongamenzanga udoloqina. Namanjena kusenjalo. Ukweshwama kona kuyiziga6a ezimbili. Okunye kwakwenziwa yinkosi musukwana kudlalwa umkhosi, okunye kwenziwa emakhaya okwenkosi kwakwesa6eka kakhulu impela. Kwakuthunywa a6antu 6ayozingela indoda emnyama yezizwe. I6ulawe ku6uywe nayo iphelele inga6onaze ichuywa. I6isi yafihlwa inga6onwa a6antu, ku6e yisifu6a senkosi nezince kuzayo nezithunywa lezo.

40. Umasekudlalwa kwaku6uthwana ama6utho onke ezwe. Ama6utho lana ayenikwa inkunzi emnyama yenkomo kuthiwe awayi6ulale ngezandla angase6enzisi umkhonto. Kwakuthi izinsizwa ziyephule intamo, kodwa ezinye zisale nayo khona lapho zife. Kwakuthi ingafa zihlale esi6ayeni zilindele ukuphiwa inyama seyosiwe. Zaziqeda ukuyihlinza kuqala.

Kwakuye kuthi izinceku, nezinduna zi6ase umlilo omkhulu wokhosa. 6eseziyi6enga kanye neyomuntu lowo o6ulewe yosiwe.

/Kuthi.....

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kuthi ingavuthwa esiwe ema6uthweni ukuyidla. Yayiqala ngokwelashwa yombili eyenkomo neyomuntu. Isiyadliwa yonke neyomuntu, isuke isifana ngo6a ishile umulilo. Ukudliwa
41. kwalenyama ukulumisana yendluliswe njalo. Yayingaqotshwa. Uma esedlile ama6utho asazogiya manjena.

Okwasemakhaya kona kwakwenziwa ngenye indlela sekuvuthwe ukudla emasimini, sekuzodliwa ukudla okusha. Imizana emincane, yona yayihlangana, emikhulu yayi6angayodwa njena. Lokukwakwenzelwa uku6a a6antu 6angaxegi amadolo nxa se6edla ukudla okusha. Oyenamuntu owayeqala ukushwama inkosi 6esekulandela 6onke a6antu.

Ngelanga lokweshwama kukhiwa imfe, namabece namaselwa, afakwe embizeni enkulu axutshwe nozanhleni kuphekwe kanye kanye konke. Nxasekuvuthiwe, kuqale umnumzane womuzi achaphune
42. ukudla ngesinye isandla. Nozanhleni ngesinye, ashaye ngako amadolo oma6ili ethi: "dolo, qina, dolo, qina" ashaye nasezindolwananeni zombili nasemaqakaleni esho kona loko. Ukwenzanje, loku uqale ngokuha6ula inkovu yako ngezandla. Wasekhifa ngayo amalunga akhewonke.

Kuzakuthi umvakomnumzane kuze inkosikazi, uma emaningi koze kuphele wona kande kuze izingane ngemiwa. Nongekho ekhaya uya6ekelwa aze afike naye.

Izinsuku zokuzila:-

Uku6ala kwa6antu, 6a6ethatha izinduku 6aziqophe yonke imihla. Njalo ntambama se6e6uya emse6enzini, ukuze 6asazi izinsuku za6o ukuthi manjena sezizingaka. (Na6esifazane a6akhu-
43. lelwe 6a6enzanjalo. 6onake a6esifazane 6a6eqopha uthungo lwendlu njalo ekupheleni kwenyanga; ekufeni kwayo.

Phela a6antu 6a6engenawo amagama ezinsuku njenganamhlanjena. Into a6a6e yazi ukuthi izolo, kuthangi, namhla, kusasa, ngomhlomunye, kuphela ama6izo ezinyanga ayá6adida kakhulu impela.

Unyaka ivawuqala ekwethwaseni kwehlo6o uze uphele ekupheleni ko6usika. Izinsuku zokuphumula njenge sonto nomgqi6elo kwakuthiwa ezimnyama. Kwakuye kuthi uma inyanga iphela ku6e khona usuku olulodwa enga6onwa ngalo, okukuthi kusa ngakusasa

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

i6e ithwasa entsha, iqala uku6onakala. Lolo suku inyanga

44. enga6onakalanga ngalo lu6izwa ngokuthi olumnyama. Kwaku6a usuku olukhulu lokuzila. Intombi eyogana yayingalokothi iphume ngalo, ngo6a nedlela yayo iyo6a mnyama, nomendo ungayichumeli. Impi yayingaphumi ngalolo suku olumnyama uma iyohlasela ngo6a iyokwehlulwa. Umuntu owaye suke ezohamba waye ngaphumi ngalolu suku olumnyama ekhaya, ngo6a indlela yakhe yo6a mnyama. Kwakuhlonishwa kungaqalwa mse6enzi ngalolu suku.

Ezinye izinsuku zokuzila ezangamhla kufiwe. Uma kufe umuntu izihlo6o zakhe zazizila ngisho nomncane umse6enzi kuze kuphele izinsuku ezintathu. Uma enikhulu ofileyo kuphele noma zinhlanu.

45. Ngesikhathi sokufa umuntu 6ekuyekwa wonke umse6enzi owenziwayo. Ku6uywe nase masimini umasekuzwakele ukuthi sekushoniwe. Usuku olulandelayo usukulwamakhu6alo. Amakhu6alo ayedliwa a6azalo. Izihlo6o ezikude zazishesha zaziswe. Kuzakuthi zona zizile ngosuku lokuthola umu6iko, ngisho noma sekwandlila izinyanga eziningi 6ayo zila umakhufika umbiko. Umuntu owangakwenzi loku wayevelelwa yingozi, alinyazwe nayinto encane e6ingafanele ukumulimaza. Owesifazane efelwe yindoda u6egunda isicholo, ahlanekele isidwa6asakhe, ahlale angagani kuze kuphele iminyeka emithathu. Uma kuyindoda efelwe umfazi izakuzila izinyanga eziyisithupha.

46. Olunye usuku lokuzila olwamhla izulu liwisile. Ngisho liwise into encane kuzakuthi a6antu a6akhe lapho ku6onakale khona isichotho 6angayi emasimini, ukuyolima, nokuyohlakula. Uma liwisile kuhlonishwa umse6enzi wasemasimini ukuze lingaphindi izulu liwise. Umfelekazi akakhumuli inzila ngesikhathi kungakavunwa. Uma kungenzeka izulu lingawisa.

Ukuzila kwenziwa ngezigodi nomakufe umuntu. Uma kufe induna kuzila isifunda sayosonke nezihlo6ozayo. Uma kufe inkosi kuzila 6onke a6antu.

END 706

MEM

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.